

# UMASIPALA WASEMSUNDUZI

## ISAZISO NGOKOMTHETHO 32 KA 2000 WEZINHLELO ZIKAMASIPALA KUHULUMENI WASEKHAYA EKHLOLWENI KWAMAREYITHI NAMATHERIFU: WONYAKA KA 2018/19

Lesaziso sikhishwe ngokwesi Sahluko 4 soMthetho 32 ka 2000 weziNhlelo zikaMasipala, ukuthi uMkhandlu kaMasipala waseMsunduzi uzoba nemihlangano lapho kuzolalelwa khona umphakathi eGunjini loMkhandlu kanye naseHholo leDolobha kanjengokulandelayo:

27 March 2018: Abathintekayo – amaBhizinisi kanye neziNxenye zikaHulumeni

Indawo: E Council Chamber (EHholo leDolobha)

Isikhathi: 10H00 – 12H00

27 March 2018: Abathintekayo- Abantu abajwayelekile (kubandakanya umphakathi, izinhlangano ekungezona ezikaHulumeni (NGOs) neziNhlango zomPhakathi (CBOs)

Indawo: E Council Chamber (EHholo leDolobha)

Isikhathi: 14H00 – 16H00

Inhloso yalokhu kulalelwa ukucela umphakathi ukuthi uphawule ukuze kuphothulwe irejista yamaTherifu kagesi, amanzi, isolishi amareyithi kanye nemali ekhokhelwa ezinye izinsiza onyakethi wesabelo-mali sika 2015/2016. Bonke Abanesifiso bayamenywa ukuthi beze ukuzothamela lokhu kulalelwa baphawule ngabanakho mayelana namatherifu aphakanyisiwe. Akukho okusha, ubufakazi noma izitatimende okuzokwamukelwa ngemva kokulalelwa komphakathi.

Irejista lemali ezokhokhwa yamatherifu aphakanyisiwe iyatholakala ku website kaMasipala: [www.msunduzi.gov.za](http://www.msunduzi.gov.za) kanti imiqulu equkethe lolu lwazi izobekwa kulezikhungo ezilandelayo zikamasipala:

- IHholo leDolobha
- Kuyo yonke imiTapo yeziNcwadi kamasipala (Municipality Libraries)
- AmaHhovisi akwa ABM-Northern Area, Civic centre
  - AmaHhovisi aseMbali
  - Edendale Proper
  - Taylors Halt
  - Ashburton